**HILLCREST HIGH SCHOOL**

**UKUHLOLWA KWAMANQAMU KUKANOVEMBA -2019**

**IBANGA LESISHIYAGALOMBILI (GRADE 8)**

**ISIZULU ULIMI LOKWENGEZELELA ( ISIZULU 1ST ADDITIONAL LANGUAGE)**

**IPHEPHA LESIBILI ( PAPER 2)**

**NON MOTHER TONGUE SPEAKERS ONLY**

**AMAMAKI:85** **ISIKHATHI : 2AMAHORA**

## IMIYALELO KOHLOLWAYO

- Fundisisa lonke iphepha ngaphambi kokuphendula.
- Phendula yonke( ALL ) imibuzo yesiqephu A.
- Khetha umbuzo owodwa ( ANSWER ONLY ONE) esiqeshini B.
- Khetha umbuzo owodwa (ANSWER ONLY ONE) esiqeshini C.
- Bhala ngesiZulu.
- Bhala ngobunono(NEATLY).

## ISIQEPHU A: KUHLWA NGOMNYAMA – N.G.SIBIYA

1. Fundisisa iziqeshana ezilandelayo bese uphendula imibuzo.

### KUHLWA NGOMNYAMA

" Sawubona dadewethu ," esho ezama ukumamatheka uNduku.
" Yebo bhuti. Singamsiza ngani ubhuti?"ibuza imamatheka intokazi.
" NginguNduku wakwaMasinga.Ngisacela ukubona uBhungane uma ekhona," esho eqalaza isitolo sonke uNduku.
Ithule isikhashana eside intokazi ingaphenduli.Amangale manje uNduku ukuthi kwenzenjani.
" Ngisho umnikazi wesitolo dadewethu.Ngiwumngane wakhe omkhulu,uzojabula kakhulu ukungibona esho ngokucikeka.
" Wamgcina nini bhuti uBhungane?"ibuza ishalaza.
Kuthi xhifi kuNduku manje.Nangu umuntu emshonisela ilanga!
" Kangizele ukubuzwa uhide lwemibuzo sisi.Engicela ukukwazi ngukuthi ngingamthola yini uBhungane,uma ngingeke ngimthole ngicela usho ukuthi ngingaze ngimthole nini," aqalaze emnyango, kuhlwa ngomnyama sisi.Siyangishiya isikhathi."
Idonse umoya kakhulu intokazi .Iphakamise ikhanda imbuke ngamehlo anokudabuka.
" Ngeke ukwazi ukumbona bhuti."
" Akekho? Uzobuya nini?" esho ebuka iwashi.
" Ngizomlinda , kufanele ngombone nakanjani!"
" Ngeke ukwazi ukumlinda bhuti ,empeleni ...."
Axwaye manje uNduku.
" Kanti uphi uBhungane,wabanjwa amalimi manje?" Sekubuye ixhala.

1.1. Ubani igama lomuntu obingelela intombazane? (1)

1.2. Ungowakwabani isibongo uNduku? (1)

1.3. Uzobona ubani uNduku la? (1)

1.4. Umazi kanjani lo muntu azombona? (1)

1.5. Sekunesikhathi esingangakanani bagcina ukubonana uNduku nalo muntu azombona? (1)

1.6. Kukusiphi isigodi ( place) la ? (1)

1.7. Kungani uNduku efuna ukubona uMthimkhulu? (2)

1.8. Ubani umuntu owayefuna imali yakhe ngokushesha kuNduku? (1)

1.9. Wayekuphi uMthimkhulu ngalolu suku? (1)

1.10. Ubani igama nesibongo somuntu omunye owabonwa uNduku ngalolu suku? (2)

1.11. Wayehlobene ( related) kanjani uNduku nalo muntu ambona? (1)

1.12.Babefunda kusiphi isikole uNduku noQeda? (1)

1.13. Kwakungubani igama likaNduku lokudlala( nickname) esikoleni? (1)

1.14.UQeda wacela uNduku amthengele ini eMandeni? (1)

1.15.Igama lentombi kaNduku kwakungu;

A. Thobekile

B. Tholakele

C. Thobile (1)

1.16 Umuzi kaNduku wawuse:

A. eMhlanga

B.eMvoti

C. eBallito (1)

1.17.UNduku wathini kuQeda mayelana nelotho? (1)

1.18. UThobekile wawina malini kulotho ngalobo busuku. (1)

1.19. Wenzani uQeda emva kokuzwa ukuthi uNduku akayidlalanga ilotho? (2)

**2.INKANANKANA**

Bese kungqongqozwa emnyango.Babukane endlini .Aqonde emnyango uPiet ayovula.Ubuya usehambisana nentokazi.Yiphofukazi , lide lilaphaya.Ubuhle!

" Nguyena – ke uDolly lona. Dolly ngabazali bami laba," esho ekhomba abazali bakhe, esibambisisa nesithandwa sakhe.

" Ngiyazisa ," kubalisa unina.

" Kukuphi ekhaya?" kubuza uVenter esondela ebukisisa uDolly.

" KuseMangethe , le kwelaseMandeni," kuphendula uDolly echobozela ngamahloni.

" Ngubani umama wakho?" kusabuza yena uVenter. Useyajuluka , uyahefuzela. Amangale manje uDolly. Abakaze.

" Ngu..." Abindeke. " Akasekho , washona engi...."

" Bathi kwakungubani igama lakhe?" kusabuza yena uVenter.

" Hhayi bo , kanti kwenzenjani?" nguLettie ehwaqa ebuka uVenter noDolly.

" Ngu...KwakunguQhamkile wakwaBiyela....."

2.1.Kukwabani isibongo lapha ekhaya? (1)

2.2. Ubani igama likamama kaPiet? (1)

2.3. Ubani igama lentombi kaPiet? (1)

2.4. Yini lena uPiet azoyitshela( tell) abazali bakhe ngaleli langa? (2)

2.5. Kungani abazali bakaPiet bengamthandi uDolly? (1)

2.6.Uphi umama kaDolly? (1)

2.7. Kungani uDolly eze kubo kaPiet ngaleli langa? (1)

2.8.Kukuphi kubo kaDolly? (1)

2.9. Ubani igama nesibongo sikamama kaDolly? (2)

2.10. Kungani uVenter equleka ( faints) ngesikhathi ezwa igama likamama kaDolly? (1)

2.11.Uma uDolly eyingane kaVenter kusho ukuthi bahlobene kanjani noPiet? (1)

2.12 Ucabanga ukuthi uPiet wenzani emva kokuzwa ukuthi uDolly ungudadewabo? (1)

**[35]**

**ISIQEPHU B: UMBHALO OMUDE ODLULISA UMYALEZO**

3. Khetha isihloko **esisodwa** ubhale ngaso ngamagama angama- 80 kuya kwayi – 100.

**3.1.UMLANDO NGOMUFI**

Kushone umalume wakho.Umndeni ukucele ukuba ubhale umlando ngaye ozowufunda ngosuku lomngcwabo. Bhala phansi –ke **umlando ngomufi.** **(30)**

**3.2. INCWADI YOBUNGANE**

Umngane wakho enanifunda naye esikoleni samabanga aphansi ufunda eKapa. Mbhalele **incwadi** umxoxele ngesikole sakho esisha. **(30)**

## ISIQEPHU C: UMBHALO OMFUSHANE ODLULISA UMYALEZO

4. Khetha isihloko **esisodwa** ubhale ngaso ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

4.1. **ISIMEMO**

Abazali bakho bazobe benzela udadewenu umcimbi wokubungaza usuku lokuzalwa eqeda iminyaka eyi-16.Bacele wena ukuthi umeme izihlobo nabangani bezoba nani kulo mcimbi.Bhala phansi-ke leso **simemo.** **(20)**

4.2. **IDAYARI**

Umndeni wakho ubuthathe iholide lezinsuku **ezinhlanu.**Bhala phansi **idayari** yalokho ebenikwenza ngalezi zinsuku. **(20)**